*Every child should own a hundred books by the age of five. To that end, Book Dash gathers creative professionals who volunteer to create new, African storybooks that anyone can freely translate and distribute. To find out more, and to download beautiful, print-ready books, visit bookdash.org.*

*Nengubo Yosuku Lokuzalwa*
*(Mina and the Birthday Dress)*
Illustrated by Nicci Nathanson
Written by Ndidi Chiazor-Enenmor
Designed by Lauren Mitchell
Edited by Elise Varga
Translated by Nonkululeko Nhlapo
with the help of the Book Dash participants in Johannesburg on 25 February 2017

ISBN: 978-1-77623-090-7

This work is licensed under a Creative Commons Attribution 4.0 Licence (http://creativecommons.org/licenses/by/4.0/). You are free to share (copy and redistribute the material in any medium or format) and adapt (remix, transform, and build upon the material) this work for any purpose, even commercially. The licensor cannot revoke these freedoms as long as you follow the following license terms:

Attribution: You must give appropriate credit, provide a link to the license, and indicate if changes were made. You may do so in any reasonable manner, but not in any way that suggests the licensor endorses you or your use.
No additional restrictions: You may not apply legal terms or technological measures that legally restrict others from doing anything the license permits.
Notices: You do not have to comply with the license for elements of the material in the public domain or where your use is permitted by an applicable exception or limitation.
No warranties are given. The license may not give you all of the permissions necessary for your intended use. For example, other rights such as publicity, privacy, or moral rights may limit how you use the material.



Kusasa wusuku lokuzalwa lukaMina.
Uzobe enephathi engadini.

mina-and-the-birthday-dress_interior.indd 7 2020/07/24 16:48

UMina uya ezitolo noMama bayothenga ingubo yosuku lokuzalwa.



mina-and-the-birthday-dress_interior.indd 8 2020/07/24 16:48

“Ngifuna ingubo eluhlaza okwesibhakabhaka,” kusho uMina. UMama uthola ingubo enhle eluhlaza okwesibhakabhaka.



mina-and-the-birthday-dress_interior.indd 11 2020/07/24 16:48

UMina unikina ikhanda.
"Angiyifuni ingubo eluhlaza
okwesibhakabhaka."

mina-and-the-birthday-dress_interior.indd 13 2020/07/24 16:48

"Ngifuna ingubo ephinki," kusho uMina. UMama umkhombisa ingubo enhle ephinki.

mina-and-the-birthday-dress_interior.indd 15 2020/07/24 16:48

UMina usongaa izandla.
"Angiyifuni ingubo ephinki."

mina-and-the-birthday-dress_interior.indd 17 2020/07/24 16:48

"Ngifuna ingubo eluhlaza okotshani," kusho uMina. UMama ubamba ingubo enhle eluhlaza okotshani.

mina-and-the-birthday-dress_interior.indd 18 2020/07/24 16:48

UMina uyaswaca. “Angiyifuni ingubo eluhlaza okotshani.”

UMama uthi, "Awuyifuni ingubo eluhlaza okwesibhakabhaka, awuyifuni ingubo ephinki futhi awuyifuni ingubo eluhlaza okotshani."

UMina uthi, "Yebo!
Ngiyayithanda ingubo ephuzi.
Ngifuna ingubo ephuzi."



